# Ngikhohlwe iPassword yami ye-eFiling

Siyazi ukuthi uwathumela kanye kuphela amafomu emininingwane ngentela onyakeni ngakho-ke kulula ukukhohlwa i*password* yakho. Ngakho-ke uma ukhohlwe i*password* yakho ye-eFiling, nalu olunye usizo. Kulula, ungakwenza ku-inthanethi noma ushaye ucingo, zikhethele.

## Ku-inthanethi ngokusebenzisa isizindalwazi se-eFiling

Yiya kusizindalwazi sakwaSARS bese ucofa ku Forgot Password noma ku Forgot Username bese ulandela imiyalelo yokulungisa ipassword noma i-username yakho ithunyelwe kumininingwane yakho yokuvikeleka.

Ukulungisa kokubili i-*Username* ne*Password* ku-eFiling kumele uqale ngokuthola i-Username yakho kuqala ngaphambi kokulungisa iPassword yakho:

- Khetha 'Forgot Username?'
- Gcwalisa ulwazi olufanele bese ulandela imiyalelo.
- Uzobe usuyalelwa ukuba usungule i*Password* emuva kokuthola i-*Username* yakho.

Qaphela lokhu okuyizidingo ze*Password* ye-eFiling:

- Kumele ibe nezinhlamvu okungenani eziyi-8
- Kumeke ibe lohlamvu okungenani olulodwa olufelebisiwe, ouwuhlamvu oluphansi, inombolo kanye nohlamvu olukhethekile
- Ingabi nalo ulwazi lwakho siqu (njengegama / isibongo / ikheli le-imeyili / i-*username*);
- Ungaziphindaphindi izinhlamvu noma ukulandelana kwazo (njengokuthi "aaaaa" noma "12345" njll.).

**Qaphela:** Abakhokhintela bangalungisa imininingwane yabo Yokuvikeleka ku-eFiling ngaphandle kokungena. Lapho kwenziwa isicelo sokulungisa le mininingwane kunkento pre-login option, ukuqinisekiswa kusetshenziswa isihlonzibuso kuyasebenza ukuze kuqinisekiswe umsebenzisi. Lokhu kuqinisekisa ukuthi ukulungiswa kuphephile futhi kugunyaziwe futhi kwenziwa kumsebenzisi we-eFiling onguye. Phezu kwalokho, leli khonco elisha elisheshayo lizolekelela abakhokhintela abanenkinga yokuthola i-OTP.

## KuSARS MobiApp

KuSARS Mobile Application, cofa ku-'Forgot Password'. Lokhu kuzoveza ikhasi elithi 'Forgot Password'. Gcwalisa i-*username* yakho bese ucofa ku'Next'.

Lokhu kuzokuyisa ekhasini lemininingwane okuzothunyelwa kuyo i-OTP. Khetha umgudu owukhethayo, bese ucofa ku-'Send OTP'. I-OTP izothunyelelwa emgudwini owukhethile. Idivayisi yakho izokucela ukuba ufake i-OTP oyithunyelelwe ngomgudu owukhethile. Faka i-OTP njengoba kudingeka bese ucofa ku-'Submit'.

Uma usuyifakile, uzobe usuvezelwa isikrini ozofaka kuso i*password* yakho entsha. Faka i*password* yakho entsha ezindaweni ezibekiwe ngaphambi kokucofa ku-'Submit'.

## Ukuqinisekisa ngezinto ezimbili kanye nokuqinisekisa ngaphandle kwepassword

Ukuqinisekisa ngezinto ezimbili nokuqinisekisa ngaphandle kwe*password* okwengeziwe kokuvikela okwenza osebenzisa i-eFiling akwazi ukungena kuphrofayili yakhe ye-eFiling esebenzisa ubuchwepheshe be-*push notification* kudivayisi ehlakaniphile (smart device):

- Ukuqinisekisa ngezinto ezimmbili: Ivumela umsebenzisi akwazi ukungena kuphrofayili yakhe ye-eFiling ngokusebenzisa i-username yakhe, i*password* kanye ne*push notification* okuthunyelwa ku-SARS Mobile Application, kudivayisi ehlakaniphile (smart device): yakhe.
- Ukuqinisekisa ngaphandle kwe*password*: Ivumela umsebenzisi akwazi ukungena kuphrofayili yakhe ye-eFiling ngokusebenzisa i-*username* yakhe ne*push notification* okuthunyelwa ku-SARS Mobile Application, kudivayisi ehlakaniphile (smart device): yakhe.

Sicela uqaphele, ukusebenzisa lolu hlelo lokuvikeleka qinisekisa ukuthi:

- ISARS Mobile Application ifakiwe kudivayisi ehlakaniphile (smart device) yakho futhi
- Idivayisi yakho yiyo ebhaliswe njengedivayisi yokuqala kuphrofayili yakho ye-eFiling.

## Udinga usizo?

Uma udinga usizo ngendlela yokuthola i-*username* ne*password* yakho kuSARS eFiling, bukela ividiyo yethu ewusizo efundisayo emgudwini we-SARS YouTube ngokucofa emfanekisweni ongezansi.

